


UAdamu no Jesu



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Romans 5.

Indimana Yekhanda:

“Ngakho lokhu silungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula noNkulunkulu ngenkosi yethu uJesu Kristu: okungaye futhi sinokungena ngokukholwa kulomusa esimi kuwo, futhi sithokoza ethembeni lenkazimulo kaNkulunkulu” (Roma 5:1, 2).

UPawule ulimisile iphuzu lokuthi Ukulungisiswa, noma Ukwamukeleka kuNkulunkulu, kuza kuphela ngokukholwa kuJesu Kristu, ngokuba ngukulunga Kwakhe kuphela okwanele ukusinikeza ukufaneleka kuJehova. Akhela phezu kwaleliqiniso elikhulu, uPawule wenaba kabanzi kulendikimba. Eveza ukuthi ukusindiswa kumele kube ngokukholwa hhayi ngemisebenzi, ngisho nakumuntu “olunge” njengoAbrahama, uPawule uhlehla abuke kabanzi—lokho okwadala isono nokuhlupheka kanye nokufa, futhi nokuthi isisombululo sitholakala kanjani kuKristu nalokho akwenzele isintu. Ngokuwa komuntu oyedwa, uAdamu, sonke isintu sabhekana nokulahlwa, ukuqhela, nokufa; ngokunqoba komuntu oyedwa, uJesu, lonke izwe laba sendaweni entsha phambi kukaNkulunkulu. Ngokukholwa kuJesu, umlando wezondo zabo kanye nokujeza okufanele lezozono kwakungasuswa, kwakungathethelelwa futhi ingunaphakade. UPawule uqhathanisa uAdamu noJesu, eveza indlela uKristu eza ngayo ukuzoqaqa lokho okwakwenziwe nguAdamu, futhi eveza ukuthi ngokukholwa izisulu zesono sika-Adamu zingahlengwa nguJesu, uMsindisi. Isisekelo sakho konke yisiphambano sikaKristu kanye nokufa Kwakhe endaweni yethu lapho—okuvula indlela yawo wonke umuntu, umJuda noma noweZizwe, ukuba asindiswe nguJesu, okuthi, ngegazi Lakhe, waletha ukulingisiswa kubo bonke abamamukelayo Yena. Ngeqiniso lena yindikimba efanale ukuchazwa kabanzi, ngokuba iyisisekelo salo lonke ithemba lethu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-November 11.*

Ukulungiswa NgoKukholwa

Funda abaseRoma 5:1-5. Emigqeni engezansi fingqa umyalezo kaPawule. Yini ongazithathela yona kuwo na?

“Ukulungiswa” kusho “ukuba ngolungisiwe.” Isenzo sesiGriki siveza lokhu kuyinto ephelele. Kuthiwa silungile, noma sithathwa njengabalungile, hhayi ngokwemisebenzi yomthetho kepha ngokwamukela kwethu uJesu Kristu. Impilo ephelele uJesu ayiphila lapha emhlabeni, ukugcina Kwakhe umthetho okuphelele, kubalelwa kithina. Kusenjalo, zonke izono zethu sezibekwe phezu kukaJesu. UNkulunkulu ubuka ngokuthi nguJesu ownile, hhayi thina, nokuthi singasinda ekujezeni okusifanele. Lokho kujeze kwawela phezu kukaKristu, esikhundleni sethu, ukuze thina singalinge sibhekane nako ngokwethu. Yiziphi ezinye izindaba ezimtoti ezingaba khona kwisoni na? Igama lesiGriki elihumshwe “inkazimulo” KwabaseRoma 5:3 yilelo elihumshwe njenge “ntokozo” KwabaseRoma 5:2. Uma lihumshwe “ntokozo” KwabaseRoma 5:3 futhi (njengakwezinye izihumsho), ukuxhumana phakathi KwabaseRoma 5:2 no 5:3 kubona kangcono. Abantu abalungisiwe bangathokoza ekuhluphekeni ngoba bagxilise ukukholwa kwabo nethemba labo kuJesu Kristu. Baneqholo lokuthi uNkulunkulu uzokwenza zonke izinto zisebenzelane ngokuhle. Bazokubona kuphakeme ukuhlupheka ngenxa kaKristu. (Bukau- 1 Pet. 4:13.)

Qaphela, futhi, ukuqhubeka kwabaseRoma 5:3–5.

1. Ukukhuthazela. Igama lesiGriki elihumshwe njengo-hupomone lichaza “ukubekezela okuqinile.” Ngalokho lolu wuhlobo lokubekezela okukhuliswa ngokuhlupheka kulowo ogcina ukukholwa futhi angalahlekelwa yithemba analo kuKristu, nakukho ukuhlupheka okungenza impilo ibelukhuni ngezinye izikhathi.
2. Amava. Igama lesiGriki elihumshwe njengo-dokime lichaza “isimo sokuvunywa”; ngalokho, “isimilo,” noma ngokuqondile “isimilo esivunyiwe.” Lowo obekezela ngokuqina ekuhluphekeni angaba nesimilo esivunyiweyo.
3. Ithemba. Ukubekezela kanye nokuvunywa ngokwemvelo kudala ithemba—ithemba elatholakala kuJesu ngokukholwa, kanye ngesithembiso sosindiso Kuye. Uma nje siqhubeka nokubambelela kuJesu ngokukholwa, ngokuphenduka, kanye nokulalela, sinakho konke esinethemba lakho.

Yini le eyodwa empilweni yakho yonke onthemba layo ukwedlula konke okunye na? Lelothemba lingafezeka kanjani kuJesu na? Noma lingefezeke na? Uma kungenjalo, uqinisekile ukuthi ufuna ukubeka lonke ithemba kuyo na?

Siseyizoni

Funda abaseRoma 5:6-8. Lesisahluko sisitshelani mayelana nesimilo sikaNkulunkulu, futhi nokuthi sigcwele ithemba na?

Ngenkathi uAdamu noEva ngokungenasizathu beqa isimiso esingcwele, uNkulunkulu wathatha izinyathelo zokuqala zokubuyisana. Kusukela lapho, uNkulunkulu uzisusele ngoKwakhe ukhlinzeka indlela yosindiso kanye nokumema abantu ukuba bayamukele. “Sekugcwaliseke isikhathi, uNkulunkulu wathumela iNdodana Yakhe” (Gal. 4:4).

AbaseRoma 5:9 bathi singasindiswa olakeni lukaNkulunkulu ngoJesu. Ukuqonda ngokuthi kuchazani lokhu na?

Ngobusuku bokuphuma kwabo eGibhithe, igazi ezinsikeni zeminyango yabakwaIsrayeli eGibhithe lavike amazibulo olakeni olwawela amazibulo aseGibhithe. Ngendlela efanayo, igazi lukaJesu Kristu liqinisekisa ukuthi lowo oseleungisisiwe Uthola isimo sokuvikeleka lapho ulaka lukaNkulunkulu lubhubhisa isono ekugcineni. Abanye abantu baba nenkinga yomqondo kaNkulunkulu othandayo enolaka. Kodwa kungenxa kanye yothando Lwakhe lolulaka lukhona. UNkulunkulu othanda izwe angebe nalo kanjani ulaka ngakwisono na? Ukube ubengenandaba nathi, ubengeke anake ukuthi kwenzekani lapha. Buka ezweni futhi ubone lokho okwenziwe yisono endalweni Yakhe. Ubengebe nolaka kanjani ngakububi nomonakalo onje na?

Yiziphi ezinye izizathu zokuthokoza esizinikiwe na? Rom. 5:10, 11.

Abanye abahlaziyi babone KwabaseRoma 5:10 okukhomba ukuthi impilo uKristu ayiphila kulomhlaba, lapho abanesimilo esiphelele leso asibalela kithina manje. Nakuba lokhu kuyikho okwafezwa yimpilo kaKristu ephelele, uPawule ubonakala egcizelela iqiniso lokuthi njengoba uKristu afa, wavuka futhi, futhi uphila ingunaphakade (buka amaHeb. 7:25). Ngoba uyaphila sisindisiwe. Ukube wayesale ethuneni, amathemba ethu ayeyofa kanye Naye. AbaseRoma 5:11 baqhubeka ngezizathu esinazo zokuthokoza eNkosini, futhi lokho kungenxa yalokho uJesu asifezele kona.

Ukufa Ngenxa Yesono

Ukufa kuyisitha esikhulu. Ngenkathi uNkukunkulu edala umndeni wesintu, wahlosa ukuthi amalungu awo azophila ingunaphakade. Ngaphandle kwabathile abayingcosana isintu asifuni ukufa; futhi labo abafunayo, bakufuna ngemuva kokuhlupheka okukhulu. Ukufa kuphikisana nasosonke isimo sethu. Futhi lokho kungenxa yokuthi kusukela ekuqaleni sasidalelwe ukuphila ingunaphakade, kwakungamele sikwazi ukufa.

Funda abaseRoma 5:12. Yini echazwa nguPawule lapha na? Lokhu kuchazani na?

Abahlaziyi baphikisane ngalesisahluko seZibhalo kakhulu kunezinye. Mhlawumbe isizathu, njengoba kuphawulwe kwi-The SDA Bible Commentary, vol. 6, p. 529, ngukuthi lababahlaziyi “bazama ukusebenzisa lesisahluko ngezinhloso ezinye ngaphandle kwalezo ezaziqondwe nguPawule.”Elinye iphuzu abaphikisana ngalo yileli: Isono sika-Adamu sadlulela kanjani enzalweni yakhe na? Ngabe isizukulwane sika-Adamu saba nesabelo ecaleni lesono sika-Adamu, noma sinecala phambi kukaNkulunkulu ngenxa yezono sazo na? Abantu bazamile ukuthola impendulo yalombuzo kulendimana, kodwa akulona udaba uPawule ayebhekene nalo. Wayenokunye emqondweni. Ugcizelela kabusha lokho asekuhlolo: “ngokuba bonke bonile” (Rom. 3:23). Kumele sivume ukuthi siyizoni, ngoba iyona kuphela indlela esingabona ngayo ukuthi sidinga uMsindisi. Lapha uPawule wayezama ukuthi abafundi Babona indlela isono esisibi ngayo nokuthi safakani lapha emhlabeni ngoAdamu. Ube esebonisa lokho uNkulunkulu akunikezayo ngoJesu njengekhambi kuphela lokwelapha lenhlekelele eyafika emhlabeni wethu ngesono sika-Adamu. Kepha, lendimana ibika kuphela ngenkinga, ukufa ku-Adamu—hhayi isisombululo, impilo kuKristu. Enye yezinto ethokizisa kakhulu ngevangelu ngukuthi ukufa sekugwinywe ngukuphila. UJesu wadlula emasangweni ethuna futhi wagqabula izibopho zalo. Uthi, “NgiNguye opilayo, futhi owayefile; futhi, bheka, Ngiphila ingunaphakade, Amen; futhi ngingezihluthulelo zokufa nezaseHayidese” (Samb.1:18). Ngenxa yokuthi uJesu unezihluthulelo, isitha asisakwazi ukubamba izisulu sazo ethuneni.

Abe yini amava nobunjalo bokufa na? Kungani, lapho sibhene nesitha esingapheli amandla, kumele sibenethemba kokuthile okungaphezulu kunathi noma okungaphezulu kwakho konke esikunikezwe yizwe na?

Kusukela KuAdamu Kuye KuMose

Funda abaseRoma 5:13, 14. Yini asifundisa yona uPawule lapha mayelana nomthetho na?

Ukhuluma ngani uPawule lapha na? Umusho othi, “kuze umthetho” uhambisana nomusho othi “kusukela kuAdamu kuze kuba kuMose.” Ukhuluma ngesikhathi emhlabeni esisuka Ekudaleni size sifike eSinayi, ngaphambi kokwethulwa ngokusemthethweni kwezimiso nemithetho yohlelo lakwaIsrayeli, olwalufaka, nembala. Imithetho Elishumi. “Kuze umthetho” kuchaza ukubalula izimfuno zikaNkulunkulu ngemithetho eyahlukene eyanikezwa uIsrayeli eSinayi. Isono sasikhona ngaphambi kweSinayi. Sasingebe khona kanjani na? Ngabe ukuqamba amanga, ukumbulala, ukuphinga, kanye nokukhonza izithixo kwakungesona isono ngaphambi kwalokho na? Nambala kwakuyisono. Kuyiqiniso ukuthi ngaphambi kweSinayi, isintu ngokujwayelekile sasinesambulo esinomkhawulo ngoNkulunkulu, kodwa sasazi ngokwanele ukuba sibe necala. UNkulunkulu ulungile futhi akezukujezisa abantu ngokungafanele. Abantu ababephila ngaphambi kweSinayi bafa, njengoba uPawule eveza lapha. Ukufa kwafikela wonke umuntu. Nakuba babengonanga ngakumthetho obekwe ngokusobala, babonile nokho. Babenezambulo zikaNkulunkulu endalweni, abangazange basabele kuzo ngalokho baba necala. “Izinto ezingabonakaliyo zakhe kusukela ekudalweni komhlaba zisobala . . . ; ukuze bangabi nazo izaba” (Rom. 1:20).

Kungayiphi inhloso uNkulunkulu azembula ngokugcwele “emthethweni” na? Rom. 5:20, 21.

Umyalezo oawnikezwa eSinayi wawufaka nomthetho wokulunga, nakuba wawukhona ngaphambili. Lokhu kwakungokokuqala, nokho, ngokweBhayibheli, ukuba Lomthetho ulotshwe uthi umemezelve kabanzi. Ngenkathi amaIsrayeli eseqhathanisa nezimiso ezingcwele, bathola ukuthi babesilele kakhulu. Ngamanye amazwi, “isinengiso” sabasikhulu. Ngokuphazima Babona ubukhulu bokona kwabo. Inhloso yalobubudlelwane kwakungukubasiza ukuba babo isidingo sabo soMsindisi, futhi kuba holele ekwamukeleni Umusa owawunikezwa nguNkulunkulu mahala. Njengoba kugcizeleliwe ngaphambili, uhlobo lwenkolo yeqiniso yeTestamente Elidala yayingagxilile emthethweni.

Imithetho ezwe lakho ikwembulela kanjani umqondo womuntu wokulungile nokungalungile na? Uma imithetho yesintu ikwazi ukukwenza lokho, pho kangakanani ngomthetho kaNkulunkulu waphakade na?

UJesu, uAdamu Wesibili

“Ngakhoke njengokuba ngesiphambeko soyedwa ukwahlulela kwawela kubo bonke abantu ekulahlweni; kanjalo ngokulunga koyedwa isipho samahala sawela kubo bonke abantu ekulungisisweni kokuphila. Ngokuba ngokungalaleli komuntu oyedwa abaningi benziwa izoni, ngalokho ngokulalela komuntu oyedwa abaningi bayakwenziwa abalungileyo” (Rom. 5:18, 19). Yimuphi umehluko esivezelwa wona lapha na? Iiphi ithemba esilinikezwa kuKristu na?

Njengabantu, asitholanga lutho kuAdamu ngaphandle kwesigwebo sokufa. UKristu, nokho, wangenelela futhi wadlula phezu kwendawo uAdamu awela kuyo, ebekezelela konke ukulingwa esikhundleni sabantu. Wahlanga ukwehluleka kuka-Adamu kwehlazo nokuwa, futhi, ngalokho, njengoThatha indawo, wasibeka endaweni efanelekile noNkulunkulu. Yingakho uJesu “enguAdamu Wesibili.” “UAdamu wesibili wayeyisithunywa esinokuzikhethela, owayenomthwalo ngokuziphatha Kwakhe. Ekakwe ngamathonya anesinyenyela naholela ophathe, wayesesimweni esingathandeki kakhulu kunesika-Adamu wokuqala ukuba aphile impilo engenasono. Kepha ephakathi kwezoni wamelana nazo zonke izilingo zokona, futhi wagcina ubumsulwa Bakhe. Wayengenasono njalo.”—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary*, vol. 6, p. 1074.

Izenzo zika-Adamu noKristu ziqhathaniswe kanjani kwabaseRoma 5:15–19 na?

Buka imiqondo emelene lapha: ukufa, ukuphila; ukungalaleli, ukulalela; ukulahlwa, Ukulungisiswa, isono, ukulunga. UJesu weza wakubhidliza konke okwakwenziwe nguAdamu! Kuyathathekisa, futhi, ukuthi igama isipho liqhamuka izikhathi ezinhlanu KwabaseRoma 5:15-17. Izikhathi ezinhlanu! Iphuzu losobala: uPawule ugcizelela ukuthi Ukulungisiswa ngokukholwa akuzuzwa; kuza njengesipho. Yinto esingayifanele. Njengazo zonke izipho, kumele silule izandla sizamukele, futhi kulokhu, sisibanga lesisipho ngokukholwa.

Yisiphi isipho esihle kunazo zonke oseke wasithola na? Yini eyasenza sabasihle, sakhethaka kangaka na? Ukuthi kwakuyisipho, awusizuzanga, kwakwenza wasithakasela kangakanani na? Kepha, lesisipho singaqhathaniswa kanjani nalokho esinako kuJesu na?

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, “*Help in Daily Living*,” pp. 470–472, in *The Ministry of Healing*; “*Christ the Center of the Message*,” pp. 383, 384, in *Selected Messages*, book 1; “*The Temptation and Fall*,” pp. 60–62, in *Patriarchs and Prophets*; “*Justification*,” pp. 712–714, in *The SDA Encyclopedia*. “Abaningi bakhohlisekile mayelana nesimo sezinhliziyiyo zabo. Ababoni ukuthi inhliziyiyo yemvelo inobuqili ngaphezu kwakho konke, futhi ingcole kakhulu. Bazembathisa ngokulunga kwabo, futhi banelisekile ekufinyeleleni ezingeni labo lesimilo.”—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 1, p. 320. “Kunesidingo esikhulu sokuthi uKristu ashumayelwe njengethemba nosindiso okungukuphela kwalo. Lapho imfundiso yokulungisiswa ngokukholwa yethulwa . . . , yafika kwabaningi njengamanzi emhambini owomileyo. Umcabango wokuthi ukulunga kukaKristu bubalelwe kithi, hhayi ngoba sikufanele, kepha njengesipho samahala esivela kuNkulunkulu, kwabukeka kungucabango oyigugu.”—Page 360. “Lowo ongumfanekiso walowo owayezokufika (5:14). UAdamu ungumfanekiso kanjani kaKristu na? Njengoba uAdamu aba yimbangela yokufa kwisizukulwane sakhe, nakuba singazange sidle emthini owawalelwe, ngelokho uKristu ufikile ukuba ngumnikazi wokulunga kulabo abangaBakhe, nakuba bengakuzuzanga ukulunga; ngokuba ngeSiphambano ukuzinisekisele (ukulunga) kubantu bonke. Umfanekiso wokona kuka-Adamu ukithina, ngokuba siyafa sengathi sona njengaye. Umfanekiso kaKristu ukuthini, ngokuba siyaphila sengathi sakufeza konke ukulunga njeNgaye.”—Martin Luther, *Commentary on Romans*, pp. 96, 97.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Sisiqonda kanjani isicaphuno esilandelayo sika-Ellen G. White: “Kunesidingo esikhulu sokufundisisa Izwi likaNkulunkulu; ikakhulu uDaniyele neSambulo kumele siziqaphele kakhulu kunokuba besenza emlamdweni wokusebenza kwethu. Kusenokuba kancane esingakusho kokunye, mayelana namandla aseRoma kanye nobupapa; kodwa kumele sigqamise lokho Abaprofethi nabapostoli abakulobile phansi kokuphefumulelwa nguMoya oNgcwele kaNkulunkulu.”—Ellen G. White, *Evangelism*, p. 577.
2. Cabanga ngobukhona bokufa, nalokho okukwenzayo hhayi kuphela empilweni kodwa kulokho okuchazwa yimpilo. Ababhali abaningi kanye nezazi balilile ngokuba yize kwempilo ngoba igcina ekufeni kwaphakade. Thina njengamaKristu sibaphendula kanjani na? Kungani ithemba esinalo kuJesu liyiyona kuphela impendulo ekubeni yize kwempilo na?
3. Njengoba ukuwa kuka-Adamu kwafika isimo eziwile phezu kwethu sonke, ukunqoba kukaJesu kunikeza isithembiso sokuphila okuphakade kithina sonke esikwamukela ngokukholwa, akukhethi bala. Ngalomhlenzeko omangalisa kanganka wethu, yini evimbela abantu ukuba bafinyelele futhi ngokulangazelela bazibangele ngokwabo na? Thina ngamunye singasiza kanjani labo abafuna ukuqonda kangcono lokho uKristu akunikezayo kanye nalokho akwenzele bona na?

